

# Ukubizelwa ukunakekela

*Usizo oluvela eZifundweni lwabanakekeli*

# Ukubizelwa ukunakekela

*Usizo oluvela eZifundweni  
lwabanakekeli*



Ishicilelwe yasatshaliswa yi-Bible Society of South Africa.

[www.biblesociety.co.za](http://www.biblesociety.co.za)



BibleSA.co.za

**BibleSA**

Download our Bible apps here.

## **Called to Care**

First digital edition 2022

Bible text: The Bible in isiZulu 2020 Translation © Bible Society of South Africa 2020

© Bible Society of South Africa 2022

All rights reserved. No part of this book may, without prior written permission of the copyright holder, be reproduced or transmitted in any form or by any means, electronic, mechanical or otherwise, either through photocopying, writing, audio recording, or any other system for information storage and retrieval.

Published by the Bible Society of South Africa, P O Box 5500,  
Tyger Valley 7536, Bellville

[www.biblesociety.co.za](http://www.biblesociety.co.za)

Epub-format	ISBN 978-0-7982-2454-3
Mobi-format	ISBN 978-0-7982-2455-0
PDF-format	ISBN 978-0-7982-2456-7

# Okuqukethwe

	Isingeniso .....	4
1	Ukunakekela njengobizo .....	5
2	Ukunakekela njengokugcwaliseka komthetho obaluleke kunayo yonke .....	7
3	UNkulunkulu ungumthombo wakho konke ukunakekela .....	9
4	UMphulukisi onamanxeba .....	11
5	Indlela esibona ngayo .....	12
6	Inkuthazo evela eZifundweni .....	13
7	UMoya oNgcwele kanye nokunakekela kwakho .....	14
8	Isipho sokunakekela .....	15
9	Imivuzo yokunakekela .....	16
10	Abanakekeli babusisiwe .....	18
11	Ukunakekela kanye nobudlelwane .....	20
12	Ukukhathala komnakekeli .....	22
13	Isikhathi sokukhohlwa okwedlulile bese uqhubekela phambili .....	24
14	Ukuvuselela kabusha ukuba umnakekeli .....	26
15	Ukubekwezela .....	28
16	Umpfumela ongemuhle emsebenzini wakho .....	29
17	Icala kanye nentethelelo .....	30
18	Ukubhekana nobuhlungu .....	32
19	Ukukhula ebuhlungwini .....	35
20	Ukuthula kanye nenjabulo .....	36
21	Umkhuleko .....	37
22	Ukwethembeka .....	39
23	Ukuhlakanipha .....	40
24	Ukuphepha ebukhoneni bukaNkulunkulu .....	42
25	Isimemo sokuhlala uphumule eNkosini? .....	44
26	Imicabango .....	46
27	Amazwi abika okuhlosiwe ngabanakekeli .....	47
28	Umkhuleko obhekiswe kubanakekeli .....	48
29	Uthando, ngaphezu kwakho konke .....	49
30	Umbono ngengunaphakade .....	51

# Isingeniso

*Ukunakekela kuwubizo oluthela izithelo eziningi. Kukhona izifo eziningi ezisizungezile – abantu abane HIV/Aids, abadala kanye neziguli ezigulela ukufa. Nokho-ke, ukunakekela labo abasweleyo kungengeza umqondo obalulekile kanye nesilinganisobungako sokujula kwempilo yakho.*

*Le ncwajana iqukethe izindikimba ezingamashumi amathathu neZifundo ezikhethiwe eziveza izinhla ezehlukene zokunakekela. Ingasetshenziswa ngabantu ngamunye, emaqenjini amancane noma emihlanganweni yemikhuleko yabanakekeli.*

*Sengathi le ncwajana ingakunikeza indlela entsha ngokuzwa ubuhlungu kanye nomthelela wokunakekela ngokwazi ukuthi awenzeli abantu kuphela, kodwa wenzela uKhristu.*

# Ukunakekela njengobizo

*NgoMoya oNgcwele, uKhristu umemezela Izindaba Ezinhle kwabacindezelweyo, abanezinhliziyo ezephukile, iziboshwa kanye nalabo abadabukileyo.*

UMoya weNkosi uSimakade uphezu kwami,  
ngokuba uSimakade ungigcobile  
ukuba ngishumayele izindaba ezinhle  
kwabathotshisiweyo;  
ungithumele ukubopha abanhliziyo zaphukile,  
ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo,  
nokudedelwa kweziboshwa ejele.  
Ngimemezele unyaka womusa kaSimakade  
nosuku lokuziphindiselela kukaNkulunkulu wethu,  
ngiduduze bonke abalilayo,  
ngenze ukuba abalilayo eZiyoni  
baphiwe amaqhiya esikhundleni somlotha;  
amafutha enjabulo esikhundleni sokulila;  
ingubo yokudumisa esikhundleni somoya odangeleyo;  
ukuze babizwe ngokuthi yimithi yokulunga,  
nokutshalwe nguSimakade, ukuze adunyiswe.

Bayokwakha kabusha izincithakalo ezindala,  
bavuse izindawo ezazidiliziwe,  
balungise imizi ebhujisiweyo,  
izindawo esezibe yincithakalo izizukulwane ngezizukulwane.

*U-Izaya 61:1-4*

*UKhristu uphinde asicele ukuba sibe wusizo kulabo abesweleyo.*

Thwalisanani imithwalo yenu, niwugcwalise kanjalo umthetho kaKhristu.

*KwabaseGalathiya 6:2*

**Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- UNkulunkulu wakubizela kanjani enkonzweni yokunakekela?
- Yenza uhla lwezindlela ongazimatanisa neZifundo ezingenhla mayelana nokunakekela kwakho.
- Ungaphinde uluqinisekise kanjani ubizo lwakho njengomnakekeli?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

# Ukunakekela njengokugcwaliseka komthetho obaluleke kunayo yonke

*Umthetho obaluleke kunayo yonke uphathelene nothando –  
ukuthanda uMdali wethu kanye nokuthanda labo esihlala nabo.*

Kwase kusondela kuJesu omunye wezazimthetho owayebezwile bebuzana, wabona ukuthi uJesu ubaphendule kahle, wambuza, wathi: “Yimuphi umyalo wokuqala kuyo yonke na?”

UJesu waphendula wathi: “Owokuqala yilo othi: ‘Yizwa Israyeli, iNkosi uNkulunkulu wethu, iNkosi, yinye. Woyithanda iNkosi, uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho, nangawo wonke amandla akho.’ Owesibili yilo: ‘Womthanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.’ Awukho omunye umyalo omkhulu kunaleyo.”

*NgokukaMakhu 12:28-31*

*UJesu wachaza umthetho obaluleke kunayo yonke kanye nendaba elandelayo mayelana nomuntu othile osiza futhi enakekela umuntu osweleyo:*

Kwase kusukuma isazimthetho esithile, samlinga sathi: “Mfundisi, ngizakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na?”

Wathi kuso: “Kulotshweni emthethweni na? Uwufunda kanjani na?”

Saphendula sathi: “Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo wonke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho; umthande nomakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.”

Wayesethi kuso: “Uphendule kahle; yenza lokho, uzakuphila.”

Kepha sona sithanda ukuzithetha, sathi kuJesu:

“Umakhelwane wami ngubani na?”

UJesu wathatha wathi: “Umuntu othile wehla eJerusalema



eya eJerikho; wazithela phezu kwezigcwelegcwele, zamhlabu izingubo, zamshaya, zahamba, zimshiya sekusele umndondo nje. Kwathi kungalindelekile, kwehla umphristi othile ngaleyo ndlela; kuthe lapho embona, wachezuka endleleni. Kanjalo nomLevi; kwathi uma efika kuleyo ndawo embona, wamgwema wedlula. Kepha umSamariya othile owayesendleleni, wazithela kuye; kuthe embona, wamhawukela; waya kuye, wambopha amanxeba, wathela amafutha newayini kuwo, wamgibelisa esilwaneni sakhe, wamusa endlini yezihambi, wamnakekela. Ngakusasa wakhapha odenariyu ababili, wabanika umninindlu yezihambi, wathi kuye: ‘Mnakekele, zonke izindleko ezenzekayo ngaphezu kwalokhu, ngiyakukukhokhela zona uma sengibuya.’

“Ngumuphi kulaba abathathu owaba ngumakhelwane walo owazithela phezu kwezigcwelegcwele na?”

Sathi: “Yilowo owamhawukelayo.”

Wayesethi uJesu kuso: “Hamba wenze kanjalo nawe.”

*NgokukaLuka 10:25-37*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Yenza uhla lwezindlela lapho ukunakekela kuwukugcwaliseka komthetho obaluleke kunayo yonke.
- Abantu baseSamariya babebukelwa phansi amaJuda. Emizekelisweni kaJesu, indoda yaseSamariya isiza indoda yoMjuda eyayigwaziwe. Lokhu kusho ukuthini njengomnakekeli?
- Ungakugxilisa kanjani ukubaluleka komoya wokunakekela kwakho ekugcwalisekiseni umthetho obaluleke kunayo yonke?

### **Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

# UNkulunkulu ungumthombo wakho konke ukunakekela

*Ukunakekela kubandakanya ukunikeza induduzo – uzama ukwenza ubuhlungu bomunye umuntu kubekezeleleke; ngokomzimba, ngokwemizwa nangokomphefumulo. IBhayibheli likhuluma kabanzi mayelana nalokhu, ikakhulukazi mayelana noNkulunkulu eduduzisa abantu bakhe noma etshela omunye umuntu ukuba abaduduze.*

Duduzani, nibaduduze abantu bami,  
kusho uNkulunkulu wenu.  
Liqungeni isibindi iJerusalema,  
nimemezele kulo  
ukuthi ukulwa kwalo sekuphelile,  
nobubi balo buhlanguliwe,  
ngokuba lamukele kuSimakade  
isijeziso ngokuphindiwe  
ngenxa yazo zonke izono zalo.

*U-Izaya 40:1-2*

Jabulani mazulu,  
uthokoze nawe mhlaba,  
qhumukani zintaba, nihube,  
ngokuba uSimakade ubaduduzile abantu bakhe,  
unozwelo kwabahluphekileyo bakhe.

Kodwa iZiyoni lithi:

“USimakade ungishiyile,  
iNkosi ingikhohlwe.”

“Owesifazane angakhohlwa yini  
ngumntwana wakhe oncelayo,  
angabi naluzwelo endodaneni ayizalayo na?  
Yebo, bona bangakhohlwa,  
kodwa Mina angiyukukukhohlwa wena.  
Bheka, ngikulobe entendeni yezandla zami,

izingange zakho ziphambi kwami njalo.  
Abantwana bakho bayashesha;  
abakuchithayo nabakwenza ize bayophuma kuwe.  
Phakamisa amehlo akho ubuke nxazonke,  
bonke bayaqoqana, beza kuwe;  
ngifunga ngiyagomela,” kusho uSimakade,  
“impela uyakubagqoka bonke njengemvunulo,  
ubabhince njengomakoti.”

*U-Izaya 49:13-18*

*Encwadini yakhe yesibili ebandleni labaseKhorinte, umphostoli uPawula uchaza ukuthi ikuphi ngempela induduzo yethu, kanjalo njengokukwazi kwethu ukududuzwa abanye.*

Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Khristu, uYise wobubele bonke, uNkulunkulu wenduduzo yonke, osiduduzayo osizini lwethu lonke, ukuze nathi sibe namandla okududuzwa abasosizini, noma ngabe lunjani, ngenduduzo esiduduzwe ngayo nathi nguNkulunkulu. Njengokuba izinhlopheko zikaKhristu ziziningi kithi, kanjalo nokududuzeka kwethu kuyaphuphuma ngoKhristu. Kepha noma sikhathazwa manje, kungenxa yokududuzwa nokusindiswa kwenu; uma siduduzwa, kungenxa yokududuzwa kwenu okuveza ukubekezela ezinhlophekweni ezifanayo nalezi esihlopheka ngazo nathi. Ithemba lethu ngani liqinile, sazi ukuthi njengabahlanganyela ezinhlophekweni, kanjalo ningabahlanganyeli nasenduduzweni.

*2 KwabaseKhorinte 1:3-7*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Awukaze uzibuze ngokuthi uyoqhubeka kanjani lapho kusengathi amasu akho encishiswa ngokuphelele ngokomzimba, ngokwemizwa kanye nangokomphefumulo? Ungasicabanga isikhathi lapho uNkulunkulu akududuzwa khona, futhi wakwenza ukuba uqhubeke ukuba unikeze induduzo kulabo enibanakekelayo?
- Yenza uhla lwezindlela ongazikhumbuza ngazo ukuthi, ekugcineni, uNkulunkulu ungumthombo wayo yonke induduzo.
- Ungalwaba kanjani uthando luka Nkulunkulu ekunakekeleni kwakho?

## UMphulukisi onamanxeba

*Isiphrofetho sika-Izaya mayelana nokuhlupheka kwesisebenzi sikaNkulunkulu eselapha abanye, sinikeza incazelo evusa imizwa ngosizo lwesisebenzi esinamanxeba eselaphayo phezu kokuba sisezinhlungwini naso.*

Ngokuba yakhula njengehlumela phambi kwakhe,  
nanjengempande emhlabathini owomileyo;  
yayingenasimo nabuhle ukuba siyibuke,  
yayingabukeki ukuba siyifune.  
Yayidelelekile, yashiywa ngabantu,  
umuntu wobuhlungu okujwayele ukugula;  
yayeyiswa, injengofihlelwa ubuso ngabantu,  
asiyishayanga nto yalutho.

Kodwa yazithwala izifo zethu,  
yabetsathatha ubuhlungu bethu,  
kepha thina sathi ijezisiwe,  
ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe.  
Yebo, yahlatshwa ngenxa yeziphambeko zethu,  
yachotshozwa ngobubi bethu;  
isiyeziso sethu saba phezu kwayo,  
ukuze sibe nokuthula;  
nangemivimbo yayo, siphilisiwe thina.

*U-Izaya 53:2-5*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Ungamfanisa “uMphulukisi onamanxeba” ekunakekeleni kwakho?
- Uke “waba namanxeba” njengo mnakekeli?
- Uma kunjalo, ucabanga ukuthi angakuphulukisa kanjani “uMphulukisi onamanxeba”?

## Indlela esibona ngayo

*Njengamakholwa, sibizelwe ukuba sibe nendlela esibona ngayo efanayo nekaJesu.*

Mawube kini lowo mqondo owawukhona nakuKhristu uJesu, owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu. Kepha wazidela, wathatha isimo senceku, wazalwa waba ngumuntu, wabonakala enesimo somuntu. Wazithoba, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano. Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa, wamnika igama elingaphezu kwamagama wonke, ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo wonke aguqe, awabasezulwini, nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba nezilimi zonke zivume ukuthi UJESU KHRISTU UYINKOSI, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise.

*KwabaseFiliphi 2:5-11*

### Ongaqhubeka uzindle ngakho:

- Yini esiyifundayo ngesimo sikaJesu kule ndima?
- Yenza uhla lwezindlela lapho ungacabanga khona ngendlela efanayo nendlela uJesu Khristu ayecabanga ngayo ekunakekeleni kwakho.

### Amanothi akho:

---



---



---



---



---



---



---



---

## Inkuthazo evela eZifundweni

*IBhayibheli linikeza amagama enkuthazo kulabo abayifunayo. Emva kokufa kukaMose uNkulunkulu wakhuluma kuJoshuwa ayemkhehile ukuba ahole abantwana bakwa-Israyeli ebaholela ezweni lesethembiso laseKhanani. Kule ndima elandelayo sifunda ngamazwi kaNkulunkulu enkuthazo kuJoshuwa:*

“Qina, ume isibindi, ngokuba nguweni oyokwenza laba bantu badle izwe engafunga koyisemkhulu ukubanika lona. Qina kuphela, ube nesibindi kakhulu, uqaphele ukwenza njengokomthetho wonke inceku yami uMose akuyala ngawo. Ungachezuki nakancane kuwo, uye ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo, ukuze ube nempumelelo noma kuphi lapho uya khona. Le ncwadi yomthetho ayiyukusuka emlonyeni wakho; uyakuzindla ngayo imini nobusuku, ukuze uqikelele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo. Ngokwenzenjalo uyokwenza indlela yakho ichume, ube nenqubekelaphambili. Ngiyakuyala manje: qina, ume isibindi; ungesabi, ungadikibali, ngokuba uSimakade uNkulunkulu wakho unawe noma kuphi lapho uya khona.”

*UJoshuwa 1:6-9*

*Ngokuhambisana namazwi kaNkulunkulu kuJoshuwa, umphostoli uPawula ubhala ukuthi “Nakuba yikuphi okwakulotshwe phambilini, kwalotshelwa ukuba kusifundise ukuthi ngokubekezela nangokugqugquzelwa yimibhalo, sibe nethemba” (KwabaseRoma 15:4).*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Ungasikhumbula isikhathi lapho wakhuthazwa khona yiSifundo?
- Mayelana nokwashiwo uNkulunkulu kuJoshuwa, ukuthobeka kuhlangukana kanjani nenkuthazo esiyinikezwa yiBhayibheli?
- Yiliphi iqhaza elingadlalwa yiBhayibheli ukukugcina unamandla futhi unesibindi ekunakekeleni kwakho?

# UMoya oNgcwele kanye nokunakekela kwakho

*UJesu wathembisa abafundi bakhe ukuthi uBaba uyobathumelela uMoya oNgcwele:*

“Uma ningithanda, niyakuyigcina imiyalo yami. Ngiyakucela kuBaba ukuba aniphe omunye uMduduzi ukuba ahlale kini kuze kube phakade; uMoya weqiniso, izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, futhi lingamazi. Nina niyamazi Yena, lokhu uhlala nani, uyakuba kini.

“Angiyukunishiya niyizintandane, kodwa ngiyakubuya ngize kini; kungesikhathi eside, izwe ngeke lisangibona, kepha nina niyangibona, ngokuba ngiyaphila, nani nizakuphila. Ngalolo suku niyakukwazi ukuthi Mina ngikuBaba, nani nikimi, nami ngikini.

“Lowo onemiyalo yami ayigcine, nguyena ongithandayo. Ongithandayo uyakuthandwa nguBaba; nami ngiyakumthanda, ngizibonakalise kuye.”

*NgokukaJohane 14:15-21*

## **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Yenza uhla lwezindlela uMoya oNgcwele angakusiza ngazo esikhundleni sakho njengomnakekeli.
- Ungasikhumbula isikhathi lapho wawazi khona ngoMoya oNgcwele ekusiza ekunakekeleni kwakho?
- Ungavuleleka kanjani ekuholweni uMoya oNgcwele emsebenzini wakho wokunakekela?

## **Amanothi akho:**

---



---



---



---

# Isipho sokunakekela

*Sithe ukunakekela kuwubizo. IBhayibheli lisifundisa ukuthi uNkulunkulu unikeza izipho zika moya kanye namakhono kubantu ukubenza bakwazi ukugcwalisa ubizo lwabo.*

Ngokuba ngomusa engiwuphiweyo ngithi kulowo nalowo kini akangazicabangi ukuthi mkhulu, kunalokho afanele ukukucabanga; kodwa acabange kube ngokuqonda, njengalokhu uNkulunkulu abele yilowo nalowo isilinganiso sokukholwa. Njengalokhu sinezitho eziningi emzimbeni munye, kepha izitho zonke azenzi msebenzi munye, kanjalo nathi esibaningi, nokho simzimba munye kuKhristu, kepha ngabanye siyizitho, omunye esomunye. Sinezitho zomusa ezahlukeneyo ngokomusa esiwuphiweyo: uma kungesokuphrofetha, asiphrofethe ngesilinganiso sokukholwa. Uma kungesokukhonza, kube sekukhonzeni; esokufundisa, kube sekufundiseni; esokugqugquzela, kube sekukhuthazeni; esokuphana, aphane ngokukhululeka; esokuhola, ahole ngenkuthalo; kanye nesesihe, akwenze ngentokozo.

*KwabaseRoma 12:3-8*

Ngakho-ke ngiyakukhumbuza ukuba usivuselele njalo isipho somusa sikaNkulunkulu esikuwe owasithola ngokubekwa yimi izandla. Ngokuba uNkulunkulu akasiphanga umoya wobugwala, kodwa owamandla, owothando, nowokuzithiba.

*2 KuThimothewu 1:6-7*

## Ongaqhubeka uzindle ngakho:

- Empilweni yakho uqobo, ungakwazi ukubona nanoma yiziphi izipho ezishiwo eZifundweni? Uma kunjalo, yiziphi?
- Obani abebengahlomula ukuba ubunikwe lesi sipho noma lezi zipho?
- Ungasisebenzisa kanjani ngokugcwele isipho uNkulunkulu akunike sona?
- Kuyenzeka yini ngesinye isikhathi ukuba wesabe ukusebenzisa isipho sakho noma izipho zakho? Iyiphi inkuthazo oyitholayo endimeni yesibili eseSifundweni?



## Imivuzo yokunakekela

*Ngenkathi uJesu ekhuluma ngosuku lapho eyokwahlulela ngalo abantu bezizwe zonke, wakhuluma ngomvuzo oyotholwa yilabo abanakekele abantu abagulayo.*

“Kuyakuthi lapho iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezingcwele zikanye nayo, iyakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo. Zonke izizwe ziyakubuthelwa phambi kwayo; ihlukanise abanye kwabanye, njengomelusi ehlukanisa izimvu nezimbuzi. Iyakumisa izimvu ngakwesokunene sayo, kodwa izimbuzi izimise ngakwesokhohlo sayo.

“iNkosi iyakuthi kwabangakwesokunene sayo: ‘Zanini nina enibusiswe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo, selokhu kwasekelwa umhlaba. Ngokuba ngangilambile, nangipha ukudla; ngangomile, nangiphuzisa; ngangingumfokazi, nangingenisa; ngihamba ze, nangembathisa; ngangigula, nangihambela; ngangisejele, nangivakashela.’

“Khona abalungileyo bayakuyiphendula, bathi: ‘Nkosi, sakubona nini ulambile, sakupha ukudla; noma womile, sakuphuzisa na? Sakubona nini ungumfokazi, sakungenisa ezindlini zethu; noma uhamba ze, sakwembathisa na? Sakubona nini ugula, noma usejele, sakuvakashela na?’

“iNkosi iyakuphendula, ithi kubo: ‘Ngiqinisele ngithi kini, njengokuba nakwenza lokho kulaba bafowethu abancane, nakwenza kimi uqobo.’

“Kepha iNkosi iyakuthi kwabangakwesokhohlo sayo: ‘Dedani kimi, nina baqalekisiweyo, niye emlilweni ophakade olungiselwe uSathane nezingelosi zakhe. Ngokuba ngangilambile, aningiphanga ukudla; ngangomile, aningiphuzisanga; ngangingumfokazi, anangingenisa ezindlini zenu; ngihamba ze, aningembathisanga; ngigula, ngisetilongweni, aningivakashelanga.’

“Bayakuphendula-ke nabo, bathi: ‘Nkosi, sakubona nini ulambile, noma womile, noma ungumfokazi, noma uhamba ze, noma ugula, noma usejele, sangakusiza na?’

“iNkosi iyakubaphendula, ithi: ‘Ngiqinisele ngithi kini: lokhu eningakwenzanga komunye walabo abancinyane, anikwenzanga kimi uqobo.’

“Labo-ke bayakuhamba, baye ekujezisweni okuphakade; kodwa abalungileyo, bayakuya ekuphileni okuphakade.”

*NgokukaMathewu 25:31-46*

**Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Uyini umvuzo walabo abathokozisa iNkosi – phakathi kwezinye zezinto – ukunakekela abantu abagulayo? Kungani bezoklonyeliswa ngale ndlela?
- Kusho ukuthini kuwe ukwamukela umbuso owawulungiselwe wena ngaphambi kokudalwa komhlaba?
- UJesu uthi lokho okwenzela nanoma yibaphi abantu bakhe, kungakhathalekile ukuthi kubukeka kukukhulu kangakanani, ukwenzela yena. Ukwazi leli qiniso kungaba nomthelela onjani ekunakekeleni kwakho?
- Yimiphi imivuzo (ngokomzimba, ngokwemizwa, ngokobudlelwane kanye nangokomoya) osuvele uyitholile ngomsebenzi wakho njengomnakekeli?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

## Abanakekeli babusisiwe

*ISifundo sisifundisa ukuthi uNkulunkulu ubusisa labo abanakekela abanye abantu.*

Ubusisiwe onakekela ohluphekayo,  
 uSimakade uyomsindisa ngosuku lwenhlupheko.  
 USimakade uyomlondoloza, amgcine ephila;  
 uyobusiswa ezweni.  
 Akayukumnikela ezifisweni zezitha zakhe.  
 USimakade uyakumsimamisa okhukhweni lokufa,  
 amphilise kuzona zonke izifo zakhe.

*AMahubo 41:1-3*

Esehlezi phansi, abafundi bakhe beza kuye. Wayesevula umlomo, waqala ukubafundisa, ethi:

“Babusisiwe abampofu emoyeni,  
 ngokuba umbuso wezulu ungowabo.  
 Babusisiwe abakhalayo,  
 ngokuba bayakududuzwa.  
 Babusisiwe abamnene,  
 ngokuba bayakudla ifa lomhlaba.  
 Babusisiwe abalamele, bomele ukulunga,  
 ngokuba bayakusuthiswa.  
 Babusisiwe abanesihawu,  
 ngokuba bayakuhawukelwa.  
 Babusisiwe abanenhliziyi ehlanzekileyo,  
 ngokuba bayakumbona uNkulunkulu.  
 Babusisiwe abalamulayo,  
 ngokuba bayakuthiwa ngabantwana bakaNkulunkulu.  
 Babusisiwe abazingelwa ngenxa yokulunga,  
 ngokuba umbuso wezulu ungowabo.

“Nibusisiwe nxa benithuka, benizingela, bekhuluma konke okubi ngani, beqamba amanga ngenxa yami. Jabulani, nithokoze ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini, ngokuba babazingela kanjalo abaphrofethi abanenduleleyo.”

*NgokukaMathewu 5:1b-12*



# Ukunakekela kanye nobudlelwane

*Emhlabeni wethu owonakeleyo, kuyiqiniso ukuthi ubudlelwane kwesinye isikhathi abusebenzi ngendlela esisuke sifuna ngayo. Encwadini yeZenzo sifunda ngoBharnabha igama lakhe elichaza ukuthi “indodana ekhuthazayo” (IZenzo 4:36-37). Uyindoda eyathatha uPawula – owayebizwa ngoSawule – ngaphansi kwekhwapha lakhe ekuqaleni kwebandla lakhe.*

Kepha uBharnabha wamthatha, wamyisa kubaphostoli, wabalandisa ukuthi uyibonile iNkosi endleleni, nokuthi ikhulumile kuye, nokuthi wayeshumayele kanjani ngesibindi ngegama likaJesu eDamaseku.

*IZenzo 9:27*

*Kamuva sifunda ngokuthi bahlukana kanjani:*

Kwathi sekwedlule izinsuku ezithile, uPawula wayesethi kuBharnabha: “Ake sibuyele emuva, sihambele abazalwane kuyo yonke imizi ngamunye esesishumayele kuyo izwi leNkosi, sibone ukuthi bahlezi kanjani.”

UBharnabha yena wanquma ukuhamba noJohane okuthiwa uMakhu. Kepha uPawula waqinisa ukuthi akufanele bahambe nalowo owabashiya ePhamfiliya, akaze ahamba nabo ukuyosebenza. Kwaba khona ukuphikisana okunzima, baze bahlukana: uBharnabha wahamba noMakhu, wawelela naye eKhuphro ngomkhumbi.

UPawula wazikhethela uSila, bahamba benikelwe emseni weNkosi ngabazalwane. Wadabula eSiriya naseKhilikhiya, ehamba eqinisa amabandla.

*IZenzo 15:36-40*

*Noma kunjalo-ke, iBhayibheli lisazisa ngokuthi senze konke okusemandleni ethu ukuba silungise ubudlelwane bethu ngomoya wothando.*

Ngakho-ke njengabakhethiweyo bakaNkulunkulu, abangcwele

nabathandekayo, yembathani ububele enhliziyweni; isisa, ukuzithoba, ubumnene, nokuqiniseka ekuhluphekeni; nibekezelelane, nithethelelane, uma umuntu enesikhalo ngomunye, njengokuba neNkosi yanithethelela, nani yenzani kanjalo. Phezu kwakho konke lokho, yembathani uthando oluyisibopho sokuphelela.

Ukuthula kukaKhristu makubuse ezinhliziyweni zenu, enabizelwa kukho futhi emzimbeni munye.

*KwabaseKholose 3:12-15a*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Yibuphi ngempela ubudlelwane obunomthelela kakhulu ekunakekeleni kwakho?
- Kungabe ukhona oke wakufaka ngaphansi kwekhwapha lakhe, njengoba kwenza uBharnabha kuPawula? Kungabe ukhona othile – mhlawumbe omunye umnakekeli – odinga usizo, othile ongamfaka ngaphansi kwekhwapha lakho?
- Yimiphi imihlahlandlela yokugcina ubudlelwane obuhle enikeziwe eBhayibhelini?
- Kungabe bukhona ubudlelwane odinga ukubulungisa? Kungabe ukhona okufanele umthethelele?

### **Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

## Ukukhathala komnakekeli

*IZifundo ziyavuma ukuthi kwesinye isikhathi kuye kufike lapho siphelwa khona amandla bese sifuna ukudikibala, njengoba kwenza u-Eliya umphrofethi ngenkathi iNdlovukazi yobubi UJezebheleli emtshela ukuthi ufuna ukumbulala. Ezikhathini ezinjengalezo, singaqiniseka ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi uyoba nobubele kithi bese evuselela kabusha amandla ethu.*

Esekuzwile lokho u-Eliya, wasuka wahamba ukuze asindise impilo yakhe, waya eBheri Sheba kwaJuda, wayishiya khona inceku yakhe. Yena wahamba uhambo losuku ehlane, waze wayohlala phansi kwesihlahla sonwele. Enhliziyweni yakhe wafisa ukufa, wathi: “Sekwanele manje, Simakade! Sale usuwuthatha umphefumulo wami, ngokuba angilungile kunokhokho bami.”

Wabeka uhlangothi phansi walala ubuthongo phansi konwele; wezwa ingelosi imthinta, yathi kuye: “Vuka udle.”

Wayesevuka; bheka, nanto iqebelengwane ngasekhanda lakhe, elalenziwe ematsheni ashisayo, nophiso lwamanzi. Wadla, waphuza; wabuye walala phansi.

Ingelosi kaSimakade yabuya okwesibili, yamthinta, yathi kuye: “Vuka udle, ngokuba indlela yakho inde.”

Wavuka, wadla waphuza, wahamba ngamandla alokho kudla izinsuku ezingama-40 nobusuku obungama-40, waya entabeni kaNkulunkulu, iHorebhe.

*1 AMakhosi 19:3-8*

Ngakho-ke lokhu sinomPhristi omkhulu kakhulu odabule amazulu, uJesu iNdodana kaNkulunkulu, masibambelele kuso isivumo sethu. Ngokuba asinaye umPhristi omkhulu ongenakuzwelana nobuthakathaka bethu, kodwa lowo olingiwe kukho konke njengathi, ebe engenasono. Ngakho-ke masisondele ngesibindi esihlalweni somusa ukuze samukeliswe isihawu, sifumane umusa wokusiza ngesikhathi esifaneleyo.

*KumaHebheru 4:14-16*





## Isikhathi sokukhohlwa okwedlulile bese uqhubekela phambili

*Siyafunda eSifundweni ukuthi kunokuhlakanipha ukwazi isikhathi sokuba wemukele futhi uvalelise, isikhathi sokucwaninga kanye nesikhathi sokudela into njenge lahlekileyo, isikhathi sokubambelela kanye nesokukhohlwa okudlulile.*

Konke kunesikhathi sakho,  
yonke indaba inomzuzu wayo  
phansi komthunzi welanga.

Kukhona isikhathi sokuzalwa  
nesikhathi sokufa;  
isikhathi sokutshala,  
nesikhathi sokusiphula okutshaliweyo;  
isikhathi sokubulala,  
nesikhathi sokuphilisa;  
isikhathi sokubhidliza,  
nesikhathi sokwakha;  
isikhathi sokukhala,  
nesikhathi sokuhleka;  
isikhathi sokulila,  
nesikhathi sokusina;  
isikhathi sokusakaza amatshe,  
nesikhathi sokuwaqoqa;  
isikhathi sokugona,  
nesikhathi sokuchiliza;  
isikhathi sokufuna,  
nesikhathi sokulahlekelwa;  
isikhathi sokulondoloza,  
nesikhathi sokusaphaza;  
isikhathi sokudabula,  
nesikhathi sokuthunga;  
isikhathi sokuthula,  
nesikhathi sokukhuluma;  
isikhathi sokuthanda,  
nesikhathi sokuzonda;

isikhathi sokulwa,  
nesikhathi sokuthula.

Uzuzani osebenzayo ngomshikashika wakhe na? Ngiwubonile umshikashika uNkulunkulu awunike abantu ukuba babe matasatasa ngawo. Konke ukwenze kwafanela isikhathi sakho, ngaphezu kwalokho wabeka ukulangazelela iphakade ezinhliziyweni zabantu, kodwa abakwazi ukuyazi imisebenzi kaNkulunkulu kusukela ekuqaleni kwayo kuze kube sekugcineni kwayo. Ngiyazi ukuthi akukho okuhle kubo kunokuthokoza nokuzithokoza, inqobo nje uma besaphila, futhi kuyisipho esivela kuNkulunkulu, asipha umuntu ukuba wonke umuntu adle, aphuze, athokozele wonke umshikashika wakhe. Ngiyazi ukuthi noma yini uNkulunkulu ayenzayo imi kuze kube phakade; akukho okungenezelwa kuyo, nokungasuswa kuyo; uNkulunkulu lokhu ukwenzele ukuba abantu bamesabe.

*UMshumayeli 3:1-14*

**Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Sithini lesi Sifundo kuwe mayelana nokunakekela kwakho?
- Yini oyaziyo “ngesikhathi ... sokufa, ... sokukhala, ... sokulahlekelwa?” Wamelana kanjani wena nalokho?
- Kungabe zikhona izimo lapho ofuna khona ukukhohlwa okudlule ukuze ukwazi ukuqhubekela phambili? Ucabanga ukuthi iyiphi indlela enhle kunazo zonke yokukwenza lokhu?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

## Ukuvuselela kabusha ukuba umnakekeli

*Sonke sedlula ezikhathini ezinzima lapho sikhathala khona, kodwa eZwini lakhe uNkulunkulu uyasethembisa ukuthi uyosinika amandla amasha.*

Ukhulumelani wena Jakobe,  
usholoni wena Israyeli, ukuthi:  
“Indlela yami isithekile kuSimakade,  
nelungelo lami akalinaliki  
uNkulunkulu wami na?”

Awuzange wazi yini?  
Awuzwanga yini na?  
USimakade unguNkulunkulu ongunaphakade,  
uMdali wemikhawulo yomhlaba,  
akapheli amandla, akakhathali;  
nokuqonda kwakhe akunakuphenywa.  
Nguye opha oyethileyo amandla,  
andise izikhwepha kongenamandla.  
Izinsizwa ziyaphela amandla, zikhathale,  
nabasha bawa nokuwa,  
kepha abamethembayo uSimakade  
bayakuthola amandla amasha,  
bayakuhuphuka ngamaphiko njengezinkozi,  
bagijime bengakhathali,  
bahambe bengapheli amandla.

*U-Izaya 40:27-31*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Uke usikhumbule isikhathi lapho uzizwa khona unjengabantu bakwa-Israyeli, isikhathi lapho kuba sengathi uNkulunkulu akasenandaba nawe, kube sengathi uNkulunkulu akanandaba nokwenzeka empilweni yakho? Wabhekana kanjani nesimo ngaleso sikhathi?



- Kukuyiphi indawo noma izindawo zokunakekela kwakho lapho odinga khona amandla amasha?
- Kungabe lesi Sifundo sisifundisani ngesinyathelo sikaNkulunkulu esibhekiswe kulabo abakhathele nabasindwayo?
- Yini okumele uyenze ukuze wenze lesi sithembiso sokuzivuselela kube esakho?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

## Ukubekwezela

*Isifundo sisikhuthaza ngokuba siqhubeke futhi singadikibali.*

Ngakho-ke nathi, njengalokhu sinefu elingaka lawofakazi abasihaqileyo, masilahle konke okusindayo nesono esithandela kangaka kithi, sigijime ngokubekwezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo, sibhekile kuJesu ongumqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, owathi esikhundleni sentokozo ayibekelweyo, wathwala isiphambano engalinaki ihlazo, wahlala ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Yebo, mqondeni yena owakhuthazela ephikwa kangaka yizoni, ukuze ningakhathali nidangale emiphefumulweni yenu.

*KumaHeberu 12:1-3*

### Ongaqhubeka uzindle ngakho:

- IBhayibheli lisifundisa ukuthi ukubekwezela kwakha isimilo, esisinika ithemba elingasozwe lasijabhisa. Lokhu kusho ukuthini kuwe ekunakekeleni kwakho?
- Yenza uhla lwezinto ezehlisa intshisekelo yakho okufanele uzisuse kuwe.
- Kuyokusiza kanjani ukubhekisa amehlo akho kuJesu ukuze ubekezele njengo mnakekeli?

### Amanothi akho:

---



---



---



---



---



---



---



---

# Umpfumela ongemuhle emsebenzini wakho

*Kwesinye isikhathi ungabhekana nabantu abangalokothi bancome okwenzayo njengo mnakekeli. IBhayibheli lisinika imihlahlandlela yokuthi singabhekana kanjani nalezi zimo.*

Pho ngubani onganilimaza uma nishisekela ukwenza okuhle na? Kepha uma nihlupheka ngenxa yokulunga, nibusisiswe. Ningakwesabi ukwesabisa kwabo, futhi ningakhathazeki. Kodwa mngcweliseni uKhristu njengeNkosi ezinhliziyweni zenu, nihlale nilindele ukubaphendula bonke abanibuzana ngethemba eninalo. Kepha kube ngobumnene nangokwesaba, ninonembeza omsulwa, ukuze kuthi kulokho abaninyembenya ngakho, bajabhiswe laba abahlambalaza ukuhamba kwenu okuhle kuKhristu. Ngokuba kungcono ukuhlupheka ngokwenza okuhle, uma lokho kuyintando kaNkulunkulu, kunokuhlupheka ngokwenza okubi.

*1 KaPhethro 3:13-17*

## Ongaqhubeka uzindle ngakho:

- Kwesinye isikhathi singakhathazeka kakhulu ngemibono yabanye abantu ngathi. Sewake wabhekana kanzima nalokhu kukhathazeka? Kube namthelela muni ekunakekeleni kwakho?
- Sewake waba nemiphumela emibi emsebenzini wakho wokunakekela? Wathatha ziphi izinyathelo?
- Ubhekana kanjani nezenzo ezingezinhle ezibhekiswe kuwe nasemsebenzini wakho wokunakekela?

## Amanothi akho:

---



---



---

## Icala kanye nentethelelo

*Sonke siyawenza amaphutha esikhathini esiningi. Iningi lethu selike labhekana nokungaphathwa kahle.*

“Wozani-ke sidingide lolu daba,”  
kusho uSimakade.

“Noma izono zenu zibomvu njengegazi,  
ziyokuba mhlophe njengeqhwa;  
noma zibomvu klebhu,  
ziyoba mhlophe  
njengoboya bezimvu.”

*U-Izaya 1:18*

USimakade unobubele nesihawu,  
uyephuza ukuthukuthela, uvame umusa.  
Akathethi njalonjalo,  
akayigcini intukuthelo yakhe  
kuze kube phakade.  
Akasiphathi njengokufanele izono zethu,  
akasivuzi njengokwamacala ethu.  
Ngokuba njengokuphakama kwezulu phezu komhlaba,  
unjalo umusa wakhe phezu kwabamesabayo.  
Njengokuba impumalanga yahlukene nentshonalanga,  
uzidedise kangako iziphambeko zethu.

*AMahubo 103:8-12*

“Ngakho-ke nxa uletha umnikelo wakho e-althare, bese  
ukhumbula lapho ukuthi umfowenu ukubambe igqubu, wushiye  
lapho phambi kwe-althare umnikelo wakho, uhambe ubuyisane  
nomfowenu kuqala, andukuba uzonikela umnikelo wakho.”

*NgokukaMathewu 5:23-24*

Uma sithi sinobudlelwane naye, kodwa sibe sisahamba  
ebumnyameni, siqamba amanga, asikwenzi okuyiqiniso. Kepha  
uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu Yena esekukhanyeni;  
sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu iNdodana  
yakhe liyasihambulula ezonweni zonke.

Uma sithi asinasono, siyazikhohlisa, neqiniso alikho kithi. Kepha uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.

*1 KaJohane 1:6-9*

Maniphathane ngobumnene, nizwelane, nithethelelane, njengoba noNkulunkulu wanithethelela kuKhristu.

*Kwabase-Efesu 4:32*

**Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Kungani ucabanga ukuthi ukuthethelela kuyisihloko esibaluleke kangaka eBhayibhelini?
- Kungabe ukhona ofuna ukumxolela?
- Kungabe kukhona ofuna ukucelela intethelelo ngakho (kuNkulunkulu, noma kwabanye abantu)?
- Kungenzeka ukuthi mhlawumbe ufuna ukuzithethelela wena uqobo ngento ethile?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---



## Ukubhekana nobuhlungu

*Njengomnakekeli, ubhekene nobuhlungu ngokuvamile: ubuhlungu balabo obanakekelayo, ubuhlungu babathandiweyo babo, ngisho nobuhlungu bakho imbala. Asibuqondi bonke ubuhlungu esibubonayo kanti kwesinye isikhathi sibona sengathi uJobe owakhala esebuhlungwini, ezama ukuqonda ukuthi kungani izinto ezinje zazenzeka kuye.*

“Umshikashika  
akusiwo yini owabantu emhlabeni,  
nemihla yabo ayinjengayo yini  
eyomqashwa na?  
Njengesigqila silangazelela ithunzi,  
nosebenzayo elindele umholo wakhe,  
kanjalo ngabelwe izinyanga zokungenanzuzo,  
ngamiselwa ubusuku benhlupheko.  
Nxa ngilala ngithi:  
‘Ngiyovuka nini na?’  
Ubusuku bude,  
kuze kuse ngibinyabinyeka.  
Umzimba wami wembozwe yizimpethu nothuli.  
Isikhumba sami siyaphola,  
sibuye sibhicike.

“Imihla yami iyashesha kunesaluko,  
iphela ingenathemba.  
Khumbula ukuthi  
ukuphila kwami kungumoya,  
iso lami aliyukubuye likubone okuhle.  
Iso elingibonayo alisayukungibona,  
amehlo akho esangibhekile,  
ngiyobe ngingasekho.  
Njengokuba ifu linyamalala  
lingabe lisaba bikho,  
unjalo-ke owehlele endaweni yabafuleyo, akasayukukhuphuka.  
Akasayukubuyela endlini yakhe,  
indawo yakhe ayisayukumazi.

“Ngakho-ke nami angizukuwunqanda  
umlomo wami,  
ngizokhuluma nginobuhlungu emoyeni wami,  
ngikhononde ngomunyu  
emphefumulweni wami.  
Ngilulwandle yini,  
noma inkanyamba yolwandle,  
uze ungibekele abalindi na?  
Lapho ngithi:

“Umbhede wami uzongiduduza,  
icansi lami lingithwalise  
ukukhononda kwami,  
uyangesabisa ngamaphupho,  
ungethuse ngemibono,  
ukuze umphefumulo wami  
uqoke ukuklinywa nokufa  
kunokuba ngibe kulo mzimba.  
Ngiyakuzonda ukuphila kwami,  
angiyukuhlala njalo, ngiyeke,  
ngokuba imihla yami iyize.  
Uyini umuntu ukuba umenze abe mkhulu,  
nokuba ubeke inhliziyi yakho kuye,  
nokuba umhambele njalo ekuseni,  
umhlole imizuzu ngemizuzu na?  
Kuyoze kube nini  
ungawasusi amehlo akho kimi na?  
Ngiyeke ngize ngigwinye  
isikhwehlela sami.  
Uma ngona,  
ngenzani kuwe mlindi wabantu na?  
Ungimiseleni ngibe yinkolob yakho,  
ngize ngibe ngumthwalo nakimi na?  
Awusithetheleli ngani isiphambeko sami,  
ususe isono sami na?  
Ngokuba manje ngiyakulala phansi othulini,  
uyakungifuna, kepha angiyukuba bikho.”

*UJobe 7:1-21*

*Kodwa iZwi leNkosi lisinikeza ithemba ebuhlungwini. EZwini lakhe, uNkulunkulu usifundisa ngempendulo okuyiyonayona ebuhlungwini.*

Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na? Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kodwa wayinikela ngenxa yethu sonke. Kungaba kanjani pho, ukuba angasiphi konke kanye nayo na? Ngubani oyakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo. Kanti ngubani ozakulahla ngecala na? NguKhristu uJesu owafayo, yebo owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguYena osinxuselayo. Pho ngubani ozakusehlukanisa nothando lukaKhristu na? Ngabe ukuhlupheka noma usizi; ukuhlushwa noma indlala ukuhamba ze noma ingozi, noma yinkemba na? Ngokuba kulotshiwe ukuthi:

“Ngenxa yakho, sibulawa usuku lonke; sifana nezimvu zokuhlatsywa.”

Kepha kukho konke lokho, siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo. Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanoma yini enye edaliweyo; akuyukuba namandla okusehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKhristu uJesu, iNkosi yethu.

*KwabaseRoma 8:31-39*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Kukuthinta kangakanani ukuba wufakazi wobuhlungu obungaka njengomnakekeli? Ubhekana kanjani nobuhlungu ngokuvamile?
- Yiliphi ithemba ongalinikeza labo abasebuhlungwini? Kukusiza kanjani lokhu uma nawe uqobo lwakho usebuhlungwini?

### **Amanothi akho:**

---

# Ukukhula ebuhlungwini

*Yize noma singafuni ukukuzwa njalo, kuyiqiniso ukuthi siyakhula noma sisebuhlungwini. IBhayibheli liphinde lisitshela ukuthi ubuhlungu buyasiza ekwakheni isimilo somuntu.*

Ngakho-ke lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Khristu, okungaye sinokungena ngokukholwa kulo musa esimi kuwo, sizigabisa ngethemba lenkazimulo kaNkulunkulu. Kepha akusikho lokho kuphela, kodwa siyazigabisa nangezinhlopheko, sazi ukuthi ukuhlupheka kuveza ukubekezela, ukubekezela kuveza ukuqiniseka, ukuqiniseka kuveza ithemba. Ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimphiweyo.

*KwabaseRoma 5:1-5*

## Ongaqhubeka uzindle ngakho:

- Ungake ucabange ngesibonelo sokuthi usukhule kanjani usebuhlungwini?
- Kungabe usesimani lapho uzwa khona ubuhlungu njengamanje? Ungacabanga ngezindlela zokukhula ukulobu buhlungu?
- Yenza uhla lwezindlela lapho ukukhula osuke wabhekana nakho usebuhlungwini okungakhuthaza abanye, ikakhulukazi kulabo obanakekelayo.

## Amanothi akho:

---



---



---



---



---

## Ukuthula kanye nenjabulo

*Sifunda eZifundweni lapho kutholakala khona ukuthula nenjabulo.*

“Ukuthula ngikushiya kini, ukuthula kwami nginipha khona. Ukunipha kwami akufani nokupha kwezwe. Inhliziyo yenu mayingakhathazeki, futhi ingesabi.”

*NgokukaJohane 14:27*

Thokozani eNkosini njalonjalo; ngiyaphinda ngithi: thokozani! Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke; iNkosi iseduze. Ningakhathazeki ngalutho, kodwa kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngomkhuleko, ngokunxusa nangokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakuzilondoloza izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKhristu uJesu.

*KwabaseFiliphi 4:4-7*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Ungathi yiliphi iqhaza lokuthula nenjabulo empilweni yomnakekeli?
- Kungabe lukhona ushintsho okufanele ulwenze ukuze ubuyise impilo yakho ihambisane nezimfundiso zalezi zindima zeSifundo?
- Ungacabanga ngesibonelo lapho ukuthula nenjabulo evela kuNkulunkulu, kwakusiza khona emsebenzini wakho wokunakekela?

### **Amanothi akho:**

---



---



---



---

# Umkhuleko

*Umkhuleko uchazwe njengomphefumulo wempilo yeKholwa.  
IBhayibheli ligcizelela kakhulu ngomkhuleko.*

“Nalapho nikhuleka, ningabi njengabazenzisi, ngokuba bayathanda ukukhuleka bemi emasinagogeni nasezinhlanganweni zezindlela ukuba babonwe ngabantu. Ngiqinisile ngithi kini: sebewamukele umvuzo wabo. Kepha nxa ukhuleka, ngena ekamelweni lakho, uthi usuvale umnyango wakho, ukhuleke kuYihlo osekusithekeni; uYihlo obona ekusithekeni uzakukuvuza. Kepha uma nikhuleka, ningathemelezi njengabezizwe, ngokuba bacabanga ukuthi bayakuzwakala ngokukhuluma kwabo okuningi. Ngakho-ke ningabi njengabo, ngokuba uYihlo uyakwazi enikuswelayo ningakakuceli. Ngakho-ke anokhuleka kanje:

“ ‘Baba wethu osezulwini,  
malingcweliswe igama lakho;  
mawufike umbuso wakho;  
mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini;  
siphe namuhla isinkwa sethu  
semihla ngemihla;  
sithethelele amacala ethu,  
njengalokhu nathi sibathethelela  
abanecala kithi;  
ungasingenisi ekulingweni,  
kodwa usikhulule kokubi;  
ngokuba umbuso ungowakho,  
namandla, nenkazimulo,  
kuze kube phakade. Amen.’

“Ngokuba uma nithethelela abantu iziphambeko zabo, noYihlo wasezulwini uyakunithethelela nani. Kepha uma ningabathetheleli abantu, noYihlo akayukunithethelela iziphambeko zenu.”

*NgokukaMathewu 6:5-15*

Ngakho-ke okokuqala nje, ngigqugquzela ukuba ukunxusa, ukukhuleka, ukucela nokubonga kwenzelwe abantu bonke.

*1 KuThimothewu 2:1*

Ngokunjalo noMoya uyasiza ebuthakathakeni bethu, ngokuba asikwazi esifanele ukukucela, kodwa uMoya uqobo uyasinxusela ngokububula okungakhulumeki ngamazwi. Kepha Yena ohlola izinhliziyu uyakwazi okuqondwa nguMoya, ngokuba unxusela abangcwele ngokwentando kaNkulunkulu.

Siyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu, konke kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo ababiziweyo ngokwecebo lakhe.

*KwabaseRoma 8:26-28*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Yenza uhla lwezindlela lapho umfanekiso womkhuleko uJesu afundisa ngawo, ubalulekile kubanakekeli.
- Yiyiphi indima umkhuleko njengamanje oyidlalayo emsebenzini wakho wokunakekela? Ucabanga ukuthi yiyiphi indima okumele uyidlale?
- Wake wabhekana nesimo lapho ungazi ukuthi kumele uthandazele ini, bese uMoya kube nguye okuthandazelayo ngezindlela ezingeke zashiwo ngamagama?
- Kungabe kukhona odinga ukukuletha kuNkulunkulu ngomkhuleko njengamanje?

### **Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

# Ukwethembeka

*Enye yezimpawu ezibalulekile zomnakekeli ukwethembeka: ukwethembeka kuNkulunkulu kanjalo nokwethembeka kubantu. Funda ukuthi uPawula umnxusa kanjani uThimothewu ukuba ahlale ethembekile.*

Kodwa phokophelela ukulunga, ukwesaba uNkulunkulu, ukukholwa, uthando, ukubekezela nobumnene. Yilwa ukulwa okuhle kokukholwa, ubambebele ekuphileni okuphakade owabizelwa kukho, wakuvuma ukuvuma okuhle phambi kofakazi abaningi. Ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu onika ukuphila kukho konke, naphambi kukaKhristu uJesu owavuma ukuvuma okuhle phambi kukaPhontiyu Pilatu, ukuba uwugcine lo myalo ungenasisihla, nakusoleka, kuze kube ngukubonakaliswa kweNkosi yethu uJesu Khristu.

*1 KuThimothewu 6:11b-14*

## Ongaqhubeka uzindle ngakho:

- Kungani ucabanga ukuthi ukwethembeka kubaluleke kangako kumnakekeli?
- Yimuphi umthelela ongaba khona emsebenzini wakho wokunakekela ngokungathembeki kuNkulunkulu? Kanye nokungathembeki kwabanye abantu?
- Ungaqinisekisa kanjani ukuthi uyohlala wethembekile obizweni lwakho njengomnakekeli?

## Amanothi akho:

---



---



---



---



---



## Ukuhlakanipha

*Abanakekeli bavamise ukubhekana nezimo ezinzima kanye nendlela abakhetha ngayo. Ukuhlakanipha kuyadingeka kulezi zimo.*

“Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uSimakade, nokumazi oNgcwele kungukuqonda.”

*IZaga 9:10*

Thembela kuSimakade  
ngayo yonke inhliziyo yakho,  
unganciki kokwakho ukuqonda.  
Mazise Yena ezindleleni zakho zonke,  
uyakuqondisa imikhondo yakho.

Ungazishayi ohlakaniphileyo emehlweni akho;  
mesabe uSimakade, uqhele ebubini.  
Lokho kuyakuba yimpilo emzimbeni wakho,  
nokuhlunyelelwa kwamathambo akho.


*IZaga 3:5-8*

Bazalwane bami, uma nehlelwa yizilingo ezinhlobonhlobo, zithatheni ngokuthi zingukuthokoza kuphela, nazi ukuthi ukuvivinywa kokukholwa kwenu kuveza ukukhuthazela. Ukukhuthazela makube nomphumela opheleleyo, ukuze nibe ngabakhulile nabapheleleyo, nabangaswele lutho. Kepha uma kukhona omunye phakathi kwenu oswele ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngokungagodli futhi engabalisi; uyakuphiwa lokho. Kepha makacele ngokukholwa, engangabazi nakancane, ngokuba ongabazayo ufana nedlambi lolwandle elidudulwa ngumoya, ulise le nale. Ngakho-ke lowo muntu makangasho ukuthi uyakwemukeliswa utho yiNkosi, ngokuba ungumuntu ongqondo imbaxambili, engazinzile ezindleleni zakhe zonke.

*EkaJakobe 1:2-8*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Ungavumelana nesitatimende esenziwe ngenhla, sokuthi “abanakekeli bavamise ukubhekana nezimo ezinzima



kanye nendlela abakhetha ngayo”? Kungani noma kungani kungenjalo?

- NgokweSifundo, kuqalaphi ukuhlakanipha?
- Ungacabanga ngesimo lapho ubuweswele wase wemukela ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu kanye nobuchule? Kwenzekani?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

## Ukuphepha ebukhoneni bukaNkulunkulu

*Kule mpilo, ubungozi kanye nezigemegeme kungamehlela noma nini umuntu ngaphandle kwesexwayiso. Yingakho kuyinduduzo ukufunda eBhayibhelini mayelana nokuvikelwa uNkulunkulu.*

Lowo ohlala emphemeni woPhezukonke  
akhosele emthunzini kaSomandla,  
uyothi kuSimakade:

“Uyisiphephelo sami nenqaba yami,  
unguNkulunkulu wami engethembele kuye.”

Ngokuba nguYena oyokuhlenga ogibeni  
lomcuphi nasobhubhaneni,  
uyokusibekela ngezimpaphe zakhe,  
uphephele phansi kwamaphiko akhe,  
ukwethembeka kwakhe kuyisihlangu nogange.  
Awuyukwesaba okwesabisayo ebusuku,  
nomcibisholo ondizayo emini,  
nobhubhane oluhamba ebumnyameni,  
nesifo esibhubhisayo emini bebade.  
Bayakuwa abayizinkulungwane ngaseceleni kwakho,  
nabayizinkulungwane ezilishumi ngakwesokunene sakho,  
kodwa akuyukukuthinta wena.  
Uyobona ngamehlo akho,  
ubone izikhohlakali zijeziswa.  
Ngokuba uSimakade umenze wayisiphephelo sakho,  
oPhezukonke waba yinqaba yakho.  
Okubi akuyukukwehlela,  
nesifo asiyukusondela ethendeni lakho.  
Ngokuba uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe,  
zikulondoloze ezindleleni zakho zonke.  
Ziyokuphakamisa ngezandla zazo,  
unyawo lwakho aluyukuqhuzulwa yitshe.  
Uyonyathela ingonyama nebululu,  
ufihlize phansi ibhongo lengonyama nodrago.

Ngoba ubambelele kimi, ngizomhlenga, ngimvikele,  
ngokuba walazi iGama lami.  
Uyakungibiza, ngimphendule,  
ngibe naye lapho esosizini, ngimkhulule,  
ngimenze abe nodumo.  
Ngiyomsuthisa ngobude bezinsuku zokuphila,  
ngimbonise insindiso yami.

*AMahubo 91*

**Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Njengomnakekeli, uke ube nesidingo sokuvikeleka emsebenzini? Uma kunjalo, ukuvikeleka mayelana nani?
- Kule ngxenye yeSifundo, kungabe zikhona izimo ekuphileni kwakho ezingaphansi kovikelo lukaNkulunkulu?
- Kungabe uyadinga ukuzisebenzisa ezinye zalezo zimo empilweni yakho?
- Ungacabanga ngesimo noma izimo lapho oke wabhekana khona nokuvikelwa uNkulunkulu esikhathini esingaphambili?
- Kungabe lolo lwazi lwakho kanye namaqiniso atholakala kuMahubo 91 kuyakusiza esimeni sakho samanje?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

## Isimemo sokuhlala uphumule eNkosini

*Ukuba umnakekeli kungaba yinto edinga uzikhandle kakhulu. Ngenxa yaleso sizathu, ukuphumula kubaluleke kakhulu. UJesu uyasimema ukuba size kuYe ukuze sithole ukuphumula.*

“Zanini kimi, nina nonke enikhathelayo nenisindwayo, ngizakuniphumusa. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; yikhona imiphefumulo yenu iyakufumana ukuphumula. Ngokuba ijoka lami alinzima, nomthwalo wami ulula.”

*NgokukaMathewu 11:28-30*

Mphefumulo wami, thula, ulindele uNkulunkulu kuphela,  
ngokuba insindiso yami ivela kuye.  
NguYena kuphela oyidwala lami  
nensindiso yami;  
inqaba yami, angisoze nganyakaziswa.

Kuyoze kube nini, nisukela umuntu  
ukuba nimbulale nonke,  
njengodonga olutshekile  
nothango oludilikayo na?  
Baceba ukuwisa umuntu oqavileyo.  
Bathokozela amanga,  
bayabusisa ngemilomo yabo,  
kodwa ngengaphakathi, bayaqalekisa.

*Sela*

Mphefumulo wami, thula,  
ulindele uNkulunkulu kuphela,  
ngokuba ithemba lami livela kuye.  
NguYena kuphela oyidwala lami,  
nensindiso yami, nenqaba yami;

angiyukunyakaziswa.  
Ukuhlengwa kwami nodumo lwami kukuNkulunkulu,  
idwala lami eliqinileyo,  
isiphephelo sami sikuNkulunkulu.  
Bantu, yethembelani kuye ngezikhathi zonke,  
inhliziyu yenu niyithululele phambi kwakhe,  
uNkulunkulu uyisiphephelo sethu.

*AMahubo 62:1-8*

**Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Ukuqonda kanjani ukuphumula okunikezwa uJesu kulabo abeza kuYe?
- Ungacabanga ngezindlela eziphathekayo ongeza ngazo kuJesu ukuze uthole ukuphumula? Kungabe mhlawumbe ikhona imithwalo ofisa ukuyiletha kuYe?
- Ungasenza isinqumo sokulinda uNkulunkulu ngokuthula? Kungabe zikhona izinto ezenza kube nzima ukumlinda ngokuthula?

**Amanothi akho:**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

## Imicabango

*Indlela umuntu acabanga ngayo ngokungavinjelwa inomthelela emagameni akhe nasezweni zakhe. Ngenxa yaleso sizathu, iZwi likaNkulunkulu lisitshela ukuba siqaphele mayelana nokuthi yini esigxilisa kuyo imicabango yethu.*

Ningalingisi leli lizwe, kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibe yintsha ingqondo yenu ukuze nikwazi ukuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, okuthandekayo, nokupheleleyo.

*KwabaseRoma 12:2*

Elokgcina, bazalwane, konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, uma kukhona okuhle, noma okubongekayo, zindlani ngakho.

*KwabaseFiliphi 4:8*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Ungamvumela kanjani uNkulunkulu ukuba ashintshe indlela ocabanga ngayo?
- Ungacabanga ngezindlela eziphathekayo zokugxilisa imicabango yethu kunoma yikuphi okuyiqiniso, okuhlazekile, okulungile, okungcwele, okunobungani, kanye nokufanele?

### **Amanothi akho:**

---



---



---



---



---



---

# Amazwi abika okuhlosiwe ngabanakekeli

*Indima yeSifundo esilandelayo ingabonakala njengamazwi ahlosiwe abanakekeli.*

Ngakho-ke njengabakhethiweyo bakaNkulunkulu, abangcwele nabathandekayo, yembathani ububele enhliziyweni; isisa, ukuzithoba, ubumnene, nokuqiniseka ekuhluphekeni; nibekezelelane, nithethelelane, uma umuntu enesikhalo ngomunye, njengokuba neNkosi yanithethelela, nani yenzani kanjalo. Phezu kwakho konke lokho, yembathani uthando oluyisibopho sokuphelela.

Ukuthula kukaKhristu makubuse ezinhliziyweni zenu, enabizelwa kukho futhi emzimbeni munye; yibani ngababongayo. Izwi likaKhristu malihlale kini njalo, nifundisane ngokuhlakanipha konke, niyalane ngamahubo, ngezihlabelelo nangamaculo okomoya; nimhubele uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu ngokubonga. Konke enikwenzayo, noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni konke egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu uYise ngaye.

*KwabaseKholose 3:12-17*

## **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Ungavuma ukuthi le ndima ingathathwa njengokuhlosiwe kwabanakekeli? Kungani noma kungani kungenjalo?
- Ngokwale ndima, iyiphi into ebaluleke kunazo zonke? Kungani ibaluleke kakhulu kunezinye izinto?
- Kungaba namuphi umthelela empilweni yakho nasemsebenzini wokunakekela uma ungaphila ulandela le migomo?

## **Amanothi akho:**

---



---



---



## Umkhuleko obhekiswe kubanakekeli

*Umkhuleko olandelayo kamphostoli uPawula obhekiswe emaKholweni ase-Efesu ufaneleke kakhulu kubanakekeli.*

Ngalokho nami, sengizwile ngokukholwa kwenu eNkosini uJesu nangothando kubo bonke abangcwele, angiyeki ukubonga ngenxa yenu, nginikhumbula emikhulekweni yami, ukuba uNkulunkulu weNkosi yethu uJesu Khristu, uYise wenkazimulo, aniphe umoya wokuhlakanipha nokwambulelwa, ukuze nimazi kangcono Yena, esekhanyisiwe amehlo enhliziyu yenu, ukuze nikwazi lokho okuyithemba lobizo lwakhe nokuthi iyini ingcebo yenkazimulo yefa lakhe kubo abangcwele, nokuthi makhulu kangakanani amandla akhe kithina esikholwayo, njengokusebenza kwamandla akhe amakhulu, asebenze ngawo kuKhristu emvusa kwabafileyo, wamhlalisa ngakwesokunene sakhe emazulwini, ngaphezu kakhulu kwakho konke ukubusa, negunya, namandla, nobukhosi, namagama wonke aphathwayo, kungekulesi sikhathi kuphela, kepha nakwesizayo. Wakubeka konke phansi kwezinyawo zakhe, wammisa ukuba abe yinhloko phezu kwakho konke kulo ibandla, lona elingumzimba wakhe, ukuphelela kwakhe okuphelelisa konke, kubo bonke.

*Kwabase-Efesu 1:15-23*

### **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Yiziphi izingxenyane zomkhuleko oshiwo kule ndima ezibalulekile esimeni lapho abanakekeli bezithola bekuso? Kungani?
- Cela omunye ukuba akukhulekele nsukuzonke. Bangawusebenzisa lo mkhuleko njengo mhlahlandlela.

### **Amanothi akho:**

---



---

# Uthando, ngaphezu kwakho konke

*Enye yezihloko ezigcizelelwe kakhulu kwiThestamente Elisha uthando. Ngenxa yokuthi umsebenzi wokunakekela uphathelene kakhulu nothando, kubalulekile ukuqaphela ukuthi iZwi likaNkulunkulu lisifundisani mayelana nalesi sihloko.*

Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezengelosi, kodwa uma ngingenalo uthando, ngifana nethusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. Noma ngingaphrofetha, ngiqonde izimfihlakalo zonke, ngibe nokwazi konke, noma nginganokukholwa konke okungagudluza izintaba, kodwa uma ngingenalo uthando, angiyinto yalutho. Noma nginganikela ngakho konke enginakho, nginikele ngisho nangomzimba wami ukuze ngizigabise, kodwa uma ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho.

Uthando luyabekezela, lumnene; uthando alunamhawu, aluzigabisi, aluzikhukhumezi; aluziphathi ngokungafanele, aluzifuneli okwalo, alucunuki, alunagqubu; aluthokozi ngokungalungile, kodwa luthokozela iqiniso; lusibekela zonke izinto, lukholwa yizinto zonke, lubekezelela izinto zonke.

Uthando alusoze lwaphela, nakuba kukhona ukuphrofetha, kodwa kuyakukhawuka. Nakuba kuyizilimi, ziyakunqamuka; nakuba kungulwazi, luyakuphela. Ngokuba sazi ingxenye, siphrofetha ingxenye. Kepha lapho sekufike okupheleleyo, lokho okuyingxenye kuyakuphela. Lapho ngisenguntwana, ngakhulumisa okomntwana, ngacabangisa okomntwana, futhi ngazindlisa okomntwana. Kepha lapho sengiyindoda, ngakuyeka ukwenza okobuntwana. Ngokuba manje sibona esibukweni kaluffi, kepha lapho sobukana ubuso nobuso, ngokuba manje ngazi ingxenye, kepha lapho ngiyokwaziwa ngokupheleleyo, njengokuba bengaziwa ngokupheleleyo. Manje-ke, kumi lokhu okuthathu: ukukholwa, ithemba, nothando, kodwa okukhulu kulokhu wuthando.

*1 KwabaseKhorinte 13*



# Umbono ngengunaphakade

*Ithemba lokuthi izwi likaNkulunkulu lisinika amandla lihluke kwamanye amathemba, ngokuthi liyingunaphakade. Njengabanakekeli, kumele sibone umsebenzi wethu wokunakekela ngokwengunaphakade ukuze siqonde incazelo yawo eyiqiniso.*

Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha, ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile, nolwandle alusekho. Ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ovunuliselwe umyeni wakhe. Ngase ngizwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi, lithi: “Ithabanakeli likaNkulunkulu likubantu, uyakuhlala nabo, babe ngabantu bakhe, Yena abe nguNkulunkulu wabo. Uyakuzesula zonke izinyembezi emehlweni abo. Ukufa akusayukuba khona; ukudabuka, ukukhala, nobuhlungu akusayukuba khona, ngokuba okokuqala kudlulile.” Ohleli esihlalweni sobukhosi wayesethi: “Manje ngenza konke kube kusha.”

Wathi: “Loba, ngokuba lawa mazwi athembekile, futhi aliqiniso.”

Wayesethi kimi: “Sekwenzekile. Ngingu-Alfa no-Omega, ukuqala nokugcina. Owomileyo ngiyakumphuzisa ngesihle emthonjeni wamanzi okuphila. Onqobayo uyakudla ifa lalezo zinto, futhi ngiyakuba nguNkulunkulu kuye, yena abe yindodana kimi.”

*ISambulo 21:1-7*

## **Ongaqhubeka uzindle ngakho:**

- Iyiphi incazelo umnakekeli wakho anayo mayelana nombono ngengunaphakade? Ngaphandle kwemihlomulo esheshayo kulabo abasebuhlungwini, kungabe umnakekeli wakho yini akunika yona ngengunaphakade?
- Yiliphi ithemba le ndima eliyinikeza abanakekeli kanye nabobonke abasebuhlungwini?
- Ungacabanga ngezindlela eziphathekayo zokwenza leli themba libe nobuqiniso obukhulu kulabo enibanakekelayo?